

ZULU
GRADE R – BOOK 1
TERM 1
ISBN 978-1-4315-0692-7
THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.
8th Edition



9 781431 506927



Igama:

Iklasi:



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA



Incwadi
yoku -
I
lthemu !

Banga R
INCWADI YOKU-I

INCWADI YESIZULU

Ibuyekeziwe
-lhambisana
ne-CAPS

I



UNkk Angie Motshekga,
uNgqongqoshe weMfundu
eyiSesekelo.



UMnu Enver Surty.
iSekela loMnyango
weMfundu eyiSesekelo.

Lezi zincwadi esizibiza ngeRainbow Workbooks esizenzele ukwamukela laba abancane (beBanga R) ziyingxene ebalulekile yoMnyango weMfundu EyiSesekelo, ngoba kuhloswe ngazo ukuhlumelelisa ukufunda kwalaba bantwana baseNingizimu Afrika. Uphenyo lusiqinisekisile ukuthi abantwana abaye banikwa ithuba lokufunda ngale ndlela ngaphambi kokuyoqala iBanga loku-1, bafunda kangcono naseminyakeni elandela lapho – emazingeni aphansi kanye nakwamaphakathi. Kungakho kusungulwe lolu hlelo lokufundisa iBanga R ngale ndlela.


Izinto ezifundisa emaBangen iPhansi zikhombisa ukuthi kuyadingeka umntwana owenza iBanga R ukuthi anikezwe ithuba lokufunda, lokubhala kanye nelokubala, bese lighakambisa futhi ukuthi laba bantwana bazodinga ukwenzela isesekelo esiqinile semfundu ukuze kuge lula ukufunda uma befika eBangen loku-1 nangapezulu.

Lezi zincwadi zeBanga R zenziwe zaba nenjongo yokusiza abantwana ukuthi bakhulise lolu hloba lwamakhono kanye nezinto zokuqala ezibalulekile empilweni yabo kwezemfundu. Ngaleyo ndlela kwakheka isesekelo esinqala ekufundeni kwabo. Kanti-ke lezi zincwadi ziveza amathuba amanangi okuthi abantwana bakhule bekujwayele ukusebenzisa amakhono abalungiselela imfundu yasesikoleni elandelayo.


Ngaphambi kokuthi laba bantwana balolongelwe ukufunda badinga ukusizwa bazi kuqala ukuthi incwadi ibanjwa kanjani, aphendulwe kanjani namakhosi ayo. Badinga ukwenziwa baqonde ubuhloba obukhona phakathi kwamagama nezithombe eziencwadini, bese begonda futhi ukuthi amakhosi aqukethe amagama anemisindo nencazelo yalawa magama. Ngakolunye uhlangothi, kumele ngaphambi kokufunda ukubhala, umntwana akwazi ukuthuthukisa intshisekelo yemvelo yakhe yokuhlela kahle izinto, azijwayeze indlela izimo ezakheke ngayo, asuke kulokho azijwayeze ukubumba izinhlamvu. Yiwo-ke amakhono lawa lezi zincwadi ezhilelwe ukuwathuthukisa ebantwaneni.

Siyazi ukuthi abantwana abakhuli ngomfutho nesivinini esifanayo kuleli Banga lika-R. Lezi zincwadi zihlelelwe ukukwazi ukusiza uthisha ukuthi asebenze ngokubambisana nomntwana esivinini sakhe, kuze kuthi noma kuvela isidingo, ahlele naye umntwana encwadini, athatholele, bese ebuya naye futhi ehlabela phambili, amthuthukise ngesivinini adalek ukuthi athuthuke ngaso. Imisebenzi yokwenziwa kulezi zincwadi iyamelekelela uthisha ukuvundulula izingqinamba anokuhlangabezana nazo umntwana ohambeni lwakhe ngokwemfundu, ukuze lezo zingqinamba zikwazi ukugotshwa zisagobeka kumntwana, angaze aqale imfundu esemthethweni zisekhona.

Lezi zincwadi zididiyela ukufunda, ukubala kanye namakhono, okwethulwa ngezindikimba ezingama-20, ezinezinto zokuzijabulisa ezibahehayo abafundi ukuthi bawunake bawujabulele umsebenzi okuzo. Sinethemba lokuthi abafundi bazokuthokozela ukusebenzisa lezi zincwadi ngenxa yemisebenzi ekuzo ngenkathi behkula bethuthuka emfundweni. Kanye nokuthi-ke nawe njengothisha wabo, uzozibandakanya kanye nabo kukho konke lokhu.



I-Alfabhethi



Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street
Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
Eighth edition published in 2018

ISBN 978-1-4315-0692-7

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

This book may not be sold.

IBanga R

INALOKHU

- Ulimi
- Izibalo
- Amakhono empilo



yesiZulu

1	Mayelana nami	2
2	Eklasini.....	12
3	Umzimba wami.....	22
4	Ukuphila kahle	32
5	Abangani	42



Imiyalelo yezinto ezisikwayo
ingasekugcineni kule ncwadi.



Amazwi abhekiswe Kofundisayo:

Abaundi badinga ukuzijwayeza umsebenzi ngaphambi kokuthi benze imisebenzi yokwenziwa eseziincwadini zabo zokusebenzela. Isibonelo:

- Uma kudingeka abafundi bakokelezele impendulo efanele, bacebise ukuthi babeke uphawu kuqala empendulweni efanele. Kumele babuze uthisha ukuthi yimpendulo efanele yini leyo ngaphambi kokuthi bayibhale ezincwadini zabo.
- Uma umsebenzi udinga ukuthi abafundi babhale phezu kokubhaliwe noma okudwetshiwe (bathreyise), mabakwenze ngeminwe lokhu kuqala ngaphambi kokukwenza ngepeni.



Qaphela lokhu: Abafundi bathuthuka ngezindlela ezahlukahlukene.

Uma ubona ukuthi abanye abafundi basadinga ukusizwa ukuze bathuthuke ngokwamakhono, badele basebenzise izincwadi zokubhalela (exercise books) ezinemigqa baze bakwazi ukubhala ezincwadini zokusebenzela (workbooks).

ISIZULU

Incwadi
yoku-

I

ithemu !




Mayelana nami




Ithemba – Isonto 1–5

Ngenza Ibanga R





Igama lami ngingu-:



Ngiwu-

mfana

umfana



intombazana

Ngiyi-


ntombazana



Ithemu 1 – Isonto 1–5



Masenze lokhu Dweba isithombe sakho.



1.2



Igama lami ngingu-:



Masenze lokhu

Faka umbala emakhandleleni afanele ukukhombisa ukuthi
uneminyaka emingaki.



Ngineminyaka e -

5

6

7

ubudala.



I.3

Ithemu 1 – Isonto 1–5




Masibhale

Namathisela izitikha ezindaweni ezifanele.
Manje landela umugqa ngeminwe yakho uphinde
uwulandele nangepensela.



Namathisela
izitikha
ezikhali
ezifanele.





Siza umfana ukuthi athole ibhayisikili lakhe.





Siza intombazana ukuthi ithole ibhola layo.



Landela intambo uze uyofika ekhayithini.



Shayela imoto uye esikoleni ubuye uye ekhaya futhi.



Abafundi mabalandele imigqa yento abayidwebayo
izikhathi ezimbalwa besebenzisa imibala ehlukene, baze
bajwayele.

1.4



Isisindo sami


Masibhale




kg

Ubude bami



cm



Umbala wamehlo ami



Umbala wezinwele zami



1.5



Masenze lokhu

Ithemu 1 – Isonto 1–5

Namathisela inkanyezi ukukhombisa ukuthi yini
othanda ukuyenza.

Namathisela
izitikha
ezikheleni
ezifanele.

Mina ngithanda:

ukudansa



ukufunda indaba



ukudlala nabangani



ukudlala ibhola



ukwakha izinto ngamabhulokhi



ukucula



1.6



Masibhale

Dweba isithombe sento othanda ukuyenza.



Igama lami njingu -:

UTHISHA: Ukusayina Usuku



1.7

Ithemu 1 – Isonto 1–5







Igama lami ngingu-:



Masibhale

Qondanisa izithombe.




1.8



Masibale

Kokelezela amabhulokhi anento e-l.

Shaya izandla kanye njalo uma ubona into e-l.



Zijwayeze lezi zinombolo.



UTHISHA: Uku sayina

Usuku

II

2

Eklasini




Masibhale



Buka isithombe ukhulume ngokuthi
abantwana benzani.
Wena uthanda ukwenzani?

Namathisela
izitikha
ezikheleni
ezifanele.





Igama lami ngingu -:





2.I




Masibhale

Dweba izintambo zamabhaluni.
Yiliphi ibhaluni elinentambo emfushane
kunawo wonke?

Yiliphi ibhaluni elinentambo ende kunawo wonke?



Faka umbala obomvu, ophuzi, oluahlaza okotshani noluahlaza okwesibhakabhaka emabhalunini.



2.2







Masibhale

Thola ubuso obuveza isimo esifanayo naleso esisebusweni besithombe sokuqala.



Masenze lokhu

Babheke ngakuphi abantwana? Ngaphandle kokunyakazisa ikhanda, nyakazisa amehlo ubuke lapho ebuka khona amehlo abo.



2.3






Masibale

Kokolozela anezinto ezimbili.
Shaya izandla kibili njalo uma ubona izinto ezi -2.

Ithemu 1 – Isonto 1–5



Zijwayeze le nombolo.














2.4



Masibhale

Bala izinto ezimbili emqgeni ngamunye.



Igama lami ngingu-:

UTHISHA: Ukusayina

Usuku

Ithemu 1 – Isonto I–5

2.5



Masenze lokhu

Yini oyiphatha ngesikhwama sezincwadi?
Namathisela izitikha ezikhombisa izinto ozifaka
esikhwameni.



irabha



Bhala igama lakho
esikhwameni
sezincwadi.

Igama:

2.6




Masibhale


Namathisela izitikha ezindaweni ezifanele.
Hambisa umunwe nepensela phezu komugqa.

Namathisela
izitikha
ezikhali
ezifanele.


► Siza inyosi ithole ihhoko layo.




► Siza isele lithole idamu.



► Siza inyoni ithole isidleke sayo.



► Siza isikebhe sifinyelele esiqhingini.



2.7



Masenze lokhu

Namathisela inkanyezi ukukhombisa ukuthi yini
othanda ukuyenza esikoleni.

Ithemu 1 – Isonto 1–5


Namathisela
izitikha
ezikhale
ezifanele.

Mina ngithanda:

ukupenda



ukudweba



ukuhamba nomngani siye esikoleni



ukufunda indaba



ukubala



ukusika



2.8



Masibhale

Dweba isithombe sento othanda ukuyenza esikoleni.



Igama lami ngingu-:

3




Umzimba wami




Masikhulume

Buka isithombe ukhulume ngento eyenziwa ngabantwana.



Namathisela
izitikha
ezikhale ni
ezifanele.



Uyazi ukuthi ikhanda lakho likuphi, amahlombe, amadolo kanye nezinzwane?


Shintshanani nikhombe izingxenye zomzimba, nisho ukuthi ingxenye ngayinye ibizwa ngokuthini.

Yiziphi izingxenye zomzimba ezhamba nga-1?

Yiziphi izingxenye zomzimba ezhamba nga-2?



3.I



Masibhale

Khomba ikhanda, izingalo, imilenze nomzimba. Dweba umzimba wakho.

Large dotted rectangular frame for drawing or writing.



Bhala igama lakho ushaye izandla ulandela isiqqi.



Igama lami ngingu-:



3.2




Masibhale

Sika unamathisele izingalo nemilenze ukuqedela lesi
sithombe, bese ufaka umbala esithombeni.



Masicule



Ngineminwe emihlanu,
engiyibiza ngamagama.



UTHuphazana lo,
son' isidudla sami.

UKhombisile lo,
umthethi wamacala.

UMdanyana lo,
Indod' enhle kakhulu.

UTHembisile lo,
umngani wendandatho.

UCikicane lo,
yen' ithemba lami.



3.3

Ithemu I – Isonto I–5



Masenze lokhu

Yima njengomfana nentombazana abakulezi zithombe.
Khombisa isandla sakho sokunxele nesandla sokudla.
Shaya phansi ngonyawo lwesobunxele kanye nangonyawo lwesokudla.

isandla
sokunxele



umhlane

isandla
sokudla



unyawo
lwesokunxele



unyawo
lwesokudla



3.4



Igama lami ngingu-:

intombazana

ngaphambili



isandla
sokudla



isandla
sokunxele




unyawo
lwesokudla



unyawo
lwesokunxele

3.5



Masibhale

Namathisela izitikha ezindaweni ezifanele.
Manje landela umugqa ngomunwe wakho kanye nangepensela.

Namathisela
izitikha
ezikhali
ezifanele.



Siza umntwana athole uthedi wakhe.



Siza injá ithole ithambo layo.



Siza uMimi athole incwadi yakhe.



Siza umntwana agaqe aye kumama wakhe.




Abafundi mabalandele imigqa yento abayidwebayo izikhathi
ezimbalwa besebenzisa imibala ehlukene, baze bajwayele.

3.6



Masibhale

Bhala phezu kwesandla sakho
ongasisebenzisi bese ubala iminwe yaso.



Manje sebenzisa upende ukudweba imigqa emincane eba seminweni.

--	--	--	--	--	--




3.7




Masenze lokhu

Yenza okwenziwa yilaba bantwana.

beka izandla
enqulwinithinta amadolo
akhothinta unyawo
olubhekene
nolunyethinta ihlombe
elingalenaphambanisa
izingalo

thinta isisu sakho




thinta ikhala lakho



thinta izinzwane

phakamisa izingalo
zombilithinta ikhanda
lakhothinta amahlombe
akho

yelula ingalo yakho



3.8







Igama lami ngingu-:



Masibhale

Kokelezela isithombe esingahambisani nezinto ezsimeqgeni ngamunye.
Chazela umngani ukuthi leso sithombe asihambisani ngani nezinye.




4



Ukuphila kahle



Namathisela
izitikha
ezikhale ni
ezifanele.





Masikhulume

Buka isithombe bese usho ukuthi umntwana
ngamunye yini ayenzayo ukuze ahlanzeke.



Igama lami ngingu--:





4.I



Masibhale

Landela umugqa uthole ukuthi laba
bantwana benzani ukuze bahlanzeke.



4.2



Masibhale

Dweba isithombe sento oyisebenzisela ukuhlala uhlanzekile.



Igama lami njingu-:

4.3



Igama lami ngingu-:




Masibhale

Ungakwazi ukuthola umuthi wokuxubha kulesi
sithombe?

Wufake umbala obomvu.

Landela imigqa usho ukuthi zingaki ezinye
izinto ozibonayo.



4.4




Masibhale

Hlukanisa izinto zephazili ubuye uzibuyisele ezindaweni zazo.





4.5






4.6



Masenze lokhu

Sika lezi zithombe ulandele imigqa yamachashazi bese uzibeka ngokulandelana.



4.7



Igama lami ngingu-:



Masenze lokhu

Landelanisa lezi zinombolo.

N

N

m

m


4.8






Masibale

Namathisela izitikha ezindaweni ezifanele.
Bala izinto ezikhona kulokhu ngakunye.

Namathisela
izitikha
ezikhona
kulokhu
ngakunye.




Zijwayeze inombolo 3.




5

Abangani



Namathisela
izitikha
ezikhale ni
ezifanele.



Masikhulume

Unaye umngani othandekayo?
Ngonjani umngani othandekayo?
Yini ovame ukuyidlala nomngani wakho?




5.I






Masibhale

Kokelezela isithombe esifana nesithombe sokuqala emgqeni ngamunye.



Masibhale

Landela izimo uzifake imibala
efana nesezithombeni.



5.2




Masenze lokhu

Yenza okwensiwa yilaba bantwana.

hlala phansi



dlala ingqathu



gijima



gxumagxuma



dansa



zgingqe



hamba ngezinyawo



5.3



Masibhale

Faka lesi sithombe umbala.
Kopisha imibala
esesithombeni esincane.





5.4



Masenze lokhu

Bhala phezu kwamachashazi
uthole izingubo
abazithandayo bese ufaka
amabhaluni imibala ukuze
kuqondane.



Igama lami ngingu:-

5.5




Masikhulume

Yini ongathanda ukuyenza ehlobo?
Yini oyigqoka uma kushisa?

Namathisela izitikha
ezikhaleni ezifanele.
Faka umbala ema-aphuleni
ama-3, ezinyosini ezi-3,
kutamatasi o-3 kanye
naselangeni.

Kusehlobo



5.b



Masibhale

Kokelezela izithombe ezikhombisa ukuthi yini oyithandayo uma kusehlobo?



Bhala igama lakho ushaye izandla ulandela isigqi.



Igama lami ngingu-:

5.7




Masenze lokhu

Buka izithombe ukhulume ngokuthi isimo
sezulu sihluke kanjani. Yisho ukuthi abantwana
benzani nokuthi bagqokeni.

Namathisela
izitikha
ezikhale ni
ezifanele.

kuyashisa





5.8



Masenze lokhu

Kokelezela izingubo ozigqoka uma kushisa ngokubomvu,
ukokelezele ozigqoka uma kubanda ngokuluhlaza
okwesibhakabhaka.

kuyabanda



Izinto engizisikile



Onodoli beminwe:

Khetha isilwane esi-l ubhale usonhlaamvukazi wegama lakho eyembeni laso. Manje bhala osonhlaamvukazi emayembeni abangani bakho aba-4.




Amaphazili ezinombolo:

Sika ulandele imigqa yamachashazi wenze amakhadi asiza ukuqondanisa izinombolo. Manje qondanisa izithombe nezinombolo ezifanele, noma nenani elifanele lamachashazi. Ungazisebenzisa izimo uma kudingeka.



Umdlalo wokuzikhumbuza:

Sika amakhadi ulandele amachashazi amnyama. Shova amakhadi uwabeke etafuleni uwabhekise phansi. Yembula amakhadi amabili esikhathini ngasinye. Uma evumelana wabeke eceleni. Thola ukuthi ngubani okwazi ukwenza lokhu aqede abeke eceleni wonke amakhadi kuqala. Sebenzisa ikhono lakho lokukhumbula udlale umdlalo wokushaya amakhadi nomngani wakho.



Izilwane zephepha lasendlini yangasese:

Thola amarolo ephepha lasendlini encane. Wasike abe wonxande bese unamathisela onxande abakhulu ngeglu ukuze kuvaleke amashubhu. Sika amakhanda uwanamathisele kumarolo kwesingenhla. Sebenzisa izitikha zeziwane ukunamathisela ubuso emakhanda ngokuthanda kwakho. Namathisela izingalo, imilenze kanye nemisila esilwaneni ngasinye kumarolo. Dweba noma uzakhele ezakho izilwane nawe.

Yenza amabhuку агwingcizayo.
Goqɑ imigqa ehlangene bese usika
emiqqeni engqeni engamachashazi.

3




kutħathu



inħlanzi

2



kubili



ikati

1




kunye



inja

Izinombolo





Izilwane
ezingabangani bethu




intulo




kune




inyoni



kuhlalu




igundane




kuyisithupha



unoqwaja



kuyisikhombisa





IZINTO ENGIZISIKILE



Masenze lokhu


Sika emachashazini ukhiphe ikhasi bese ulinamathisela
ngeglu kukhava ngemuva wenze iphakethe.
Gcina lapha izinto ezisikiwe ukuze zingalahleki.

NAMATHISELA NGEGLU LAPHA

NAMATHISELA NGEGLU LAPHA

NAMATHISELA NGEGLU LAPHA

NAMATHISELA NGEGLU LAPHA





GLUE HERE

